


KUSETSHENZISWA imishini omunye wayo ofana nalo uma kuhlolwa umdlavuza.
**ISITHOMBE: SITHUNYELWE**

# Uyalapheka umdlavuza uma usheshe watholakala



DKT NHLAKANIPHO GUMEDE

NGESONTO eledlule sikhulume ngesifo iLupus. Ngicela ukubonga abafundi be**LANGA** ngokungibhalela mayelana nesahluko sangesonto eledlule. Kimina kuqinisekisa khona ukuthi baningi abantu abasadinga ulwazi ngezifo kanti futhi abangazuza ulwazi ngokufunda lezi ziqephu zezempilo njalo ngoLwesine.

Ngalo isonto eledlule ngibe nohambo oluye le KwaMhlabuyalangana lapho ngizalwa khona, siyofihla isihlobo, umamncane. Lokhu kwenzeka ngisahlela ukuba ngizoke nghlale phansi nomndeni wami, sike silekelelane, sicobelelane ngolwazi ukuze siqonde ngesifo somdlavuza. Mhlawumbe omunye uzobuza ukuthi kungani nginitshela ngosizi lwami. Umamncane wami lona udlula nje emhlabeni phela yiso isifo somdlavuza webele.

Lapha eNingizimu Afrika ucwaningo luveza ukuthi abantu abangaphezu kuka-100 000 bathola ukuthi banomdlavuza njalo ngonyaka. Umdlavuza obhoke kakhulu nobulala kakhulu ngowamaphaphu. Kodwa uma ngabe kubhekwa ngokobulili, umdlavuza webele yiwona ohamba phambili kwabesimame futhi esizogxila kuwo lapha. Wona-ke uye ulandelwa umdlavuza womlomo wesibeletho kwehamba phambili kwabesifazane. Kubalulekile ukuba sibheke ukuthi singalekelekela kanjani kulesi sifo.

Njalo ngonyaka abantu abalinganiselwa ku-14 million bezwa ngaleli gama lomdlavuza. Kanti ikota yabantu baseNingizimu Afrika sebetholakale ukuthi banomdlavuza - okanye ilungu lomndeni, umngani noma umlingani emsebenzini usethole ukuthi unomdlavuza thizeni.

### NGABE SIYINI ISIFO SOMDLAVUZA?

Umdlavuza isifo lapho izicubu zikhula ngendlela engajwayelekile, singalawuleki, endaweni engafanele. Uma kukhona umonakalo ezicubini, ziqala lokhu kukhula okungalawuleki bese kwakheka isigaxa.

Njalo ngosuku ngokujwayelekile kukhona izicubu ezifayo bese kwakheka izicubu ezintsha, yilokhu okusenza sihlale siphile kahle. Kuyenzeka-ke ukuba uma sezikhula lezi cubu zikhule ngokungalawuleki zibe nomdlavuza.

Umdlavuza awuthelelani futhi awuwutholi ngokuhlala nomuntu onawo. Kubalulekile ukuba sikuveze ukuthi umdlavuza ungalapheka uma ngabe utholakale kusenesikhathi, ungakasabalali umzimba wonke (*metastasis*).

Lezi zicubu ezikhula ngendlela engalawuleki zikhula zize zikapakele nakwezinye izitho zomzimba - lokhu sikubiza nge-*meta-stasis*. Kanti futhi izicubu ezinomdlavuza zingahamba nangegazi zize zifike kwezinye izicubu njengasemaphashini nasengqo-ndweni.

### IZIMPAWU EZIYISIXWAYISO (UMDLAVUZA WEBELE)

- Uketshezi olushubile oluphuma engonweni.
- Isigaxa osizwa uma ngabe uthinta amabele.
- Ukushintsha kwesikhumba ebeleni kube ngathi yikhasi lewolintshi.
- Ukubuyela kwengono yebele phakathi.
- Ukugcwala okungajwayelekile noma umgojana obonakala esikhumbeni sebele.

### IZIGABA EZINE ZOMDLAVUZA

- Isigaba 1 no 2:
  Lapha kusho ukuthi umdlavuza usephansi, usemncane futhi usenganqandeka ngemishanguzo.
- Isigaba 3 no 4:
  Lapha kusuke sekukhomba ukuthi umdlavuza ususabalele nakwezinye izitho zomzimba



ZININGI izinhlobo ze-chemo - kuya ngokuthi ukusiphi isigaba umdlavuza.



IKOTA yabantu baseNingizimu Afrika sebetholakele ukuthi banomdlavuza.
**ISITHOMBE NGABE: FLICKR.COM**

noma emithanjeni yegazi. Ngalesi sikhathi kusuke sekunzima ukuwelapha.

### ODOKOTELA BAWUBONA KANJANI UMDLAVUZA?

Okokuqala udokotela ulalela udaba lwakho, bese eyakuxilonga. Uma ngabe unezimpawu ezikhomba ukuthi kungenzeka ukuthi unomdlavuza, uzokuxilonga ngemishini, athathe negazi alihlole ukuthi ngabe unawo yini umdlavuza.

**ENingizimu Afrika ucwaningo luveza ukuthi abantu abangaphezu kuka-100 000 bathola ukuthi banomdlavuza njalo ngonyaka.**

Umdlavuza webele ungaxilongwa nge-*Mamogram*, okuwuhlobo oluyisipesheli lokuhlola umdlavuza webele - ikakhulukazi uma ngabe isigaxa singakazwakali kodwa kunezinye nje izimpawu.

Le ndlela yokuhlola ifana ne-Xray, iMRI, noma iCT scan, umshini othatha izithombe eziningi kuwowonke amacala omzimba. Izithombe ziyahlanganiswa ukuze kutholakale isithombe esiphelele sengaphakathi lomzimba wakho.

Yilapho odokotela bekwazi ukubona isigaxa noma isimila.

Uma wenza iCT scan noma iMRT awuzizwa izinhlungu. Ungafakwa i-*drip* ukuze ufakwe i-*contrast*, okuyiyona engenzakugqame isithombe.

Kubalulekile ukuba ngikuveze ukuthi umdlavuza uyisifo sofuzo, uma kukhona umlando womdlavuza emndenini kumele uqaphele futhi uqikelele ukuthi uyazihlola ukuthi konke kusahamba kahle na. Uma ubona sengathi kukhona ongakuboni kahle, phuthuma emtholampilo noma kudokotela wakho.

### WELASHWA KANJANI UMDLAVUZA?

Zintathu izindlela zokwelashwa komdlavuza ngokwejwayelekile

#### 1. UKUHLINZWA:

Lapha umdlavuza usuke usemncane, usengasuswa. Lokhu kwenziwa ngudokotela ohlinzayo. Ngenkathi uhlinzwa, kukhishwa ibele kwesinye isikhathi nontwentwezi. Emuva kwalokho kungalandela i-*Radiotherapy* (ukwelashwa ngokushiswa komdlavuza)

#### 2. I-CHEMO (IMITHI YOKWELAPHA UMDLAVUZA):

Uma isifo somdlavuza sesisabalele emzimbeni noma sesithanda ukusabalala, kunemithi ye-*chemotherapy* esetshenziswayo. Ziningi izinhlobo ze-*chemo* - kuya ngokuthi ukusiphi isigaba umdlavuza.

Le mithi ihamba kuyo yonke imigudu yegazi futhi ibulale nezicubu ezinomdlavuza. Ungathola i-*chemo* nge-*drip*, umjovo noma amaphilisi. Ungayithola ngaphambi noma emuva kokuhlinzwa, noma ihambisana nokushiswa kwezicubu zomdlavuza (*Radiotherapy*)

#### 3. Radiotherapy (ukushiswa kwezicubu zomdlavuza):

Lena ngenye yezindlela zokuthatha isithombe esikhomba amasosha noma izicubu ezinomdlavuza. Imvamisa isiguli selashwa kaningi kodwa imizuzu embalwa. Kuvamise ukuba kuthathe isonto elilodwa kuya kwayi-8 ukuyiqeda.


Emuva kokuthola lolu sizo udokotela angakunika imithi yokusiza umzimba nemizwa ukubuyela esimeni esijwayelekile. Lokhu kwenzelwa ukuba kungaqali umdlavuza kwenye izindawo. Le mithi itholakala ngomjovo noma amaphilisi.

### BAMBA NAKHU OKUSEMQOKA:

Landela uhlelo lokuzihlola amabele njalo uma ngabe ugeza. Uma kukhona okusolayo hamba uye etholampilo noma kudokotela wakho. Khumbula ukuthi umdlavuza uyalapheka uma ngabe utholakale kusenesikhathi esanele sokuwelapha.

### KHUMBULA:

*Lapha sinikezela ngolwazi ngezempilo. Asithathi indawo yomtholampilo noma udokotela. Siyaqwashisa nje kuphela, bese sikhuthaza ukuba ubonane nodokotela wakho uma ngabe kukhona okusolayo. Uma ngabe udinga ulwazi ngezinye izifo ungaxhumana ngokungibhalela uthumele kwi-*email* ethi: **admin@drgumede.com**



*** UDkt Nhlakanipho Gumede uyiChief Executive Officer ePholela Clinic. Ungaxhumana naye nge-email ethi: admin@drgumede.com**